


## UKUBEKWA UBUNTWANA <sup>3</sup>

 ...Neville. Ikuseni enhle, klasi. Siyajabula sibili ukuphenduka njalo ukulibingelela kulelo Bizo elanele konke eleNkosi uJesu. Ngithemba ukuthi libe leviki enkulu yendumiso Zakhe lezibusiso.

<sup>2</sup> Ngingena nje lamuhla ekuseni, ngihlangane lomfana omcane lapho futhi wangipha into ebaziweyo encinyane yeNgilosi elondolozayo ikhangele abantwana ababili abancane. Futhi ngangingazi ukuthi lowu kwakunguDaulton, umfana omcane kaDaulton.

<sup>3</sup> Futhi lapha amaviki amalutshwane edlulileyo, kumbe amalutshwane...Phose amaviki amabili adlulileyo, kwaku lobaba, ubaba onguMkhristu, wacelela indodakazi yakhe enguntanga eyayingakabi nguMkhristu, lapho emile emzileni wokukhulekelwa. Futhi uMoya oNgcwele wakhuluma lapho, “Ngi—Ngiyakupha umntwana wakho.” Futhi nangu elapha ekuseni lamuhla, esindisiwe futhi wabhaphathizwa eBizweni leNkosi uJesu, ehlezi kuplatifomu, njengalokho uMoya oNgcwele akukhulumileyo. Futhi labanye abantwana bonke bahlezi bezingelezile. Ngiyakwazi imuli kaDaulton iyajabula.

<sup>4</sup> Bona ininakazi elincane lapho ababelomkhuleko ngomntwana ngeSonto edlulileyo, becanga ukuthi uzakufa. Ngiyabona ulokhu elathi lamuhla ekuseni futhi siyajabula kakhulu ngalokho, dadewethu. Babecabanga ukuthi waye lomkhuhlane wokuphela amandla komsipha, futhi wayengelakho. Ngakho silokubonga kakhulu.

<sup>5</sup> Bona bonke abangane bethu abahle. Ngiyakhumbula indoda leyi lapha isiza kimi ngokubuzisana okukhethekileyo e—eChautauqua ngesinye isikhathi, ngiyakholwa kwakuyikho. Sadla sonke ukudla kwekuseni kanye lawe lomkakho labantwana, ngiyakholwa kwa...kumbe wena lomkakho, kumbe abantwana, yebo, futhi. [Umfowethu uthi, “Middletown.”—Mhl.] Middletown, ngase...Kodwa sonke si... Ngiyakhohlwa ibizo lelo, ngakho ngakubiza nje ngokuthi Chautauqua. Yebo, mnumzana. Abanengi babangane bami abahle.

<sup>6</sup> Umfowethu Charlie Cox loDade Nellie laphaya, obelikhaya lesibili kimi, futhi kungelalutho kodwa lingaba ngabantwana bami. Ngiyahamba phansi lapho, kulapho engiqeda khona isikhathi sami sonke sokuphumula, kuphansi lapho. Ungumzingeli omkhulu wabosinti eKentucky nxa ngise Indiana. Futhi-ke iIndiana...Futhi Charlie, ngiyakutshela ngiyalangazelela nje, ngizwa sibili ukuthi ngimele ukubamba ezinlutshwane zalolohlobo lwenhlanzi amacrappies kumbe

uhlobo lwenhlanzi eliyimizilazila ngingakaqalisi phezulu lapho. Ngizizwa sibili nje sengathi ngingakumela sibili.

<sup>7</sup> UMfowethu Parnell...Par...Arnett, ovela eLou... South Carolina. LoMfowethu...Awu, abanengi sibili nje abehlukeneyo lapha abavela ezindaweni ezehlukeneyo, ababuye lamuhla ekuseni ukuvakatsha kanye lathi.

<sup>8</sup> Liyazi, kasila amalunga esikhathi sonke lapha. Silobudlelwano nje omunye lomunye, lapho iGazi likaJesu Khristu, iNdodana kaNkulunkulu, lisihlanza kukho konke ukungalungi.

<sup>9</sup> Khathesi, silesifundo esimangalisayo, siyinkazimulo nje. Futhi si, kungelani ngi...ngiyakwazi ngiyakukholisa, futhi ngiyazi lonke liyakukholisa futhi. Nginyaqalisa kwezinye izikhathi phakathi kosuku, ukukhuluma ngakho kumbe ukubala ngakho, ngiyathatha phose indima ezimbili futhi besengiqalisa eMibhalweni futhi, into yokuqala liyazi, ngisuke kuGenesisi kusiya kuSambulo, lokhu ngihamba.

<sup>10</sup> Futhi, liyazi, ngizathanda ukuthatha isikhathi lapho esiza—lapho esingangena khona eBhukwini la—lamaHebheru, futhi sithathe njenge...Awu, nxa isikhathi sabosinti sisiza, njengoMpand-...phose ngoMfu-...Ncwabakazi, liyazi, futhi kuqhubeke kusiya kuze kube yisikhathi sokuya ngaphetsheya kolwandle, ubusuku ngabunye nje eBhukwini lamaHebheru, kumbe iBhuku likaExodusi. Ukuthi kanjani uNkulunkulu, uExodusi, ephumisa abantu Bakhe phandle kweGibhithe, ukuphuma! Umfanekiso omuhle sibili kithi khathesi silungiselela ukuphuma kwethu. Kuyi, o, kuyinto enhle sibili. UMBhalo wonke uyabophana nje ndawonye, futhi kuyiNdaba eyodwa enkulu.

<sup>11</sup> Manje, lamuhla ekuseni silokhu—silokhu siseBhukwini lika...Besizakuthatha izahluko ezintathu zokuqala ze—zeBhuku labaseEfesu. Incwadi kaPhawuli kwabaseEfesu eEfesu, ezama, ukubeka ibandla esikhundleni salo. Futhi nje singakasondeli kilo, singabeka nje esinye isikhatshana kumbe ezimbili ukuze sikhuleke, nje singakenzi njalo.

<sup>12</sup> O Nkosi, Nkulunkulu wethu, siyeza eBukhoneni Bakho khathesi, singafanele njengoba sinje, kukanti siyakwazi ukuthi kuloMhlatshelo weGazi lapho ulindele, usihlanza ekungcoleni konke, futhi usimisa phambi kukaBaba, singasoleki, singelacala. Kungasilutho esingalwenza ukuthi sifanele lokhu. Kodwa ngenxa yokuthi uJesu usenzele lokhu, siyakhothama ngokuzithoba eBukhoneni Bakhe leBizo Lakhe, sicela ukuthi Uzathumela uMoya oNgcwele lamuhla ekuseni phakathi kwethu. Futhi kungayisikho ukuba ngosiyazi benkolo kumbe ukubakwazi ukuhlela iMbhalo, kodwa ngithokoza nje lokubonga ekuzweni koMoya oNgcwele lapho Uhamba phakathi kwami, maWusibusise sonke ndawonye lapho sibala iLizwi

Lakho elilotshiweyo, ukuthi Libe yiMpilo elaPhakade kithi. Siphe khona, Baba. Siyakucela eBizweni likaJesu langenxa kaJesu. Amen.

<sup>13</sup> Khathesi ngingathi phakathi lapha, kuqala, ukuthi nxa loba siphi isikhathi ngingakhuluma enye into engavumakaliyo, engahlalanga kuhle nje, mhlawumbe engalunganga impela ngokwemfundiso yakho, kumbe eyinye into ongasoze uvumelane layo, ngiyathemba uMoya oNgcwele, ukuthi Uzakwenza kuhleleke futhi kuhabuse sibili kuze kuthi kungabi le... kungabi lokukhubekisa lakancane. Bona? Ukuthi kuza—kuzakuba othandweni lobudlelwano, lokho yikho oku... Kumiselwe ukuba yileyo ndlela.

<sup>14</sup> Futhi lokhu konke kuqalise ngentshumayelo ngeSonto edluleyo, ngiyakholwa kwakuyikho, ngeSonto edluleyo ekuseni, ngokuthi *INKosi ELahliweyo*. Ukhona oseyitholile ithepu na? Ngicabanga sebelawo, futhi lingaba lawo nxa liwafisa, *INKosi ELahliweyo*.

<sup>15</sup> Khathesi izinsuku ezinlutshwane nje futhi sizabe siqalisa e...phezulu eMiddletown, Ohio. Sifuna bonke labo abalama—lamakhefu abo amiselwe isikhathi leso ukuba leqiniso ukuhlangana lathi khonale, ngoba sikhangelele isikhathi esikhulu sobudlelwano eMiddletown, Ohio. UDokotela Sullivan ungumgcini sihlalo, ngiyacabanga, wekhomithi. Futhi kuzakuba lobusuku obuhlanu bakho, ngizabe ngitshumayela njenge—njenge sikhulumi esinxusiweyo kuKhonveshini yaMazwe wonke ebandla eligoqela iziNhlanganiso zamasonto. Futhi-ke—khona-ke emva kwalokho, kuzakuba ngumhlangotho wethu kusukela lapho kusiya. Sesilakho kuhleliwe kuze kube ngolweshumi lambili, kodwa phansi kokuzwisisa ukuthi singaqhubeka sisiya loba kwelinye iviki emva kwalokhu, kuya ngokuthi uMoya oNgcwele ukhokhelela kanjani. Sonke sifuna ukukhokhelwa nguMoya; lokho nje uMoya athi kwenze, khona-ke kwenze masinyane.

<sup>16</sup> Futhi masikhumbuleni lapho silalela uMoya, isifundo esisodwa esikhulu esifuna ukusifunda, yikungajahi. Bona, thatha isikhathi sakho, woba lokholo. Nxa sicele uNkulunkulu loba yini, khumbulani uNkulunkulu uyaphendula umkhuleko. Uyakwenza esikhathini Sakhe, ngendlela enhle sibili, ukwenza kusisebenzele kuhle. Futhi nxa lokho kungenjalo, manje-ke kuyini esikwenzayo lapha lamuhla ekuseni? Kuyini—kuyini esizitsho ngakho ngesiKhristu? UNkulunkulu...Nxa leli kungasilo Lizwi likaNkunkulu, manje-ke Alisilo qiniso, khona-ke siyatholakala siphakathi kwabantu abalusizi kakhulu.

<sup>17</sup> Ngiyathokoza kakhulu ukuhlanganisa inhliziyi kanye labanengi lapha abakwaziyo ukuthi Leli yiLizwi likaNkulunkulu elingehlulekiyo. Khona-ke Ku, KuliLizwi lonke eliyiQiniso, iLizwi lonke Lakho, isitsho Sakho sonke. Futhi

ngomusa kaNkulunkulu ngaba lethuba ukukhangela iLizwe lelo ngolunye usuku esizahamba kulo.

<sup>18</sup> Izolo. Abantu abakwazi ukuthi yizikhathi ezidanisayo ezibuya kanye laloluhlobo lwenkonzo. Ngadana sibili, futhi ngathi kumkami, “Ngifisa ngabe ngingazihambela nje.”

Wathi, “Ngani usitsho lokho, Bill?”

Ngathi, “O, lapha ngilezinhlu pho lezinto.”

<sup>19</sup> Futhi-ke kwakhangeleka njengokuthi uMoya oNgcwele wathi, “Uzama ukuzikhekheleza? Ngabe u, ngabe uzama ukuzivika?” Bona?

<sup>20</sup> “Hatshi,” ngathi, “ngivumele nje ngime ebusweni bakho konke futhi ngikhangelane lakho. Bona, nje. . .” Bona?

<sup>21</sup> Kungcono kakhulu. Ngokuthembeka, ngeqiniso, ngikhuluma lokhu ngobufakazi bokuzibonela ngamehlo, ukuthi emva nje kwalimpilo isiphelile, singena eLizweni eledlula lobayini lokho loba ngubani angakucabanga. Futhi nxa kungaba khona abemzini lapha, ngithemba ukuthi alisoze. . . Ngiyakhuleka kuNkulunkulu ukuthi lingangithathi njengodlulisa amalawulo. Ngi—ngifuna, uba kungaba lolutho, yikuthembeka lokukhuluma iQiniso. Futhi kungangisizani ukukhuluma into engayisiyo, lapho kuloku—kulokunengi kakhulu okulapha okuliQiniso? Thina, singakhuluma okungayisikho mayelana ngakho na? Bona? Kuli, KuliQiniso nje.

<sup>22</sup> Futhi, akumangalisi, ngiyakholwa uPhawuli wahluthunyelwa ezulwini lesithathu, futhi wabona izinto lezo okwangufanelanga kuye ukukhuluma ngazo. Futhi ngolunye usuku wathi, “Ilihlo alibonanga, indlebe ayizwanga, kumbe akungenanga enhliziyweni yomuntu, lokho uNkulunkulu ababekele khona (ababekeleyo) labo abaMthandayo.”

<sup>23</sup> O, siyaphila nje. . . Siphila enqwabeni yezibi phansi lapha, yikho kuphela, inqwaba yezibi nje egcwele—egcwele intuthu ethunqayo evela ekungcoleni. Eye. . . Loba singangcoliswanga ngayo ngokwethu, siphila phakathi kwakho, lapho intuthu ivela emalahleni esono. Enye yezinto ezigulisayo kakhulu engingacabanga ngayo, ligodi lezibi elidala ledolobho elitshayo. Sowake waba duze lelinye? Lokho okubi, umnuko ongcolisiweyo wentuthu uphakama phakathi kwenhlobo zonke zokungcola. Futhi—futhi ungakuphefumula khona, futhi kuyakuphendula lapho.

<sup>24</sup> Ngiyakhumbula ngisehla ngisiya eNew Albany, phansi ngase. . . ngaphansi kuEighteenth Street, lapho igodi lezibi elidala elalivame ukuba khona, futhi ngangithatha phansi lapho lokubala amamitha. Futhi ngangisesaba nje lolo suku okwakumele ngihambe ngalo, indlela yetshumi lesificaminwembili, lapho kwakumele ngikuthathe lokho phansi phakathi lapho, ngoba kwakuzanuka lowo mnuko

omubi. Futhi kukanti, kulele phandle lapho kwaku yimizimba yamagundwane lezinja lento yonke, liyazi, okwakuthunqa futhi lentuthu leyo endala iphakama kukho.

<sup>25</sup> Manje, kukanti, lokho yikho limpilo efananiswa lakho, ebuhleni bayo. Ukuthunqa nje, isono siyanuka nje kuvela endaweni zonke, njengoba kwakunjalo, ngikhuluma okomoya. Kodwa, o, lapho umoya ovunguza khona ukhulelekile, futhi yonke into inhle lokuthula lentokozo leMpilo elaPhakade, ngaphetsheya nje komfula. Kodwa sisempini, ngakho masingahlali phansi nje futhi sithi “masiphangiseni futhi sihambe laphaya,” kasiletheni umuntu wonke kanye lathi lowo esingamletha. Yebo.

<sup>26</sup> Futhi manje injongo yezifundo lezi yikugxilisa labo asebavela bachaphela ngaphetsheya kweLizwe. Injongo yalokhu, ukufunda iBhuku leli labaseEfesu, yikubeka ibandla esikhundleni salo lapho elima khona impela kuKhristu. Kungumfanekiso weThestamente eliDala leBhuku likaJoshuwa, lapho uJoshuwa wabela khona. ISonto edlulileyo sasilakho, lapho uJoshuwa wabela ilizwe emuntwini ngamunye. Futhi wakwenza ngokuphefumulelwa.

<sup>27</sup> Ukuthi uMose waye njani... wakhupha abantu phandle kweGibhithe, igaliki, iliki, phandle, futhi wabanika indawo lapho uNkulunkulu ayethembise iminyaka engamakhulu amane ngamuva... kumbe iminyaka engamakhulu amane ngaphambili, ukuthi Uzabaletsha endaweni, ilizwe elihle eligeleza uchago loluju. Futhi uMose wakhokhela abantwana bakoIsrayeli elizweni, kodwa kazange abangenise.

<sup>28</sup> Futhi uJesu, kwabakamoya, ebantwini abaza... sathenjiswa uMoya oNgcwele kusukela ekuqaleni, uJesu wasikhokhela khona esithembisweni. Kodwa uMoya oNgcwele wabuya, njengoJoshuwa, ukuthatha lokukhokhela lokuqondisa lokuthumba ilizwe, kumbe ukuthumba ibandla. Siyathola, ngesiqalo, khona-ke, ukuthi kwelethu... .

<sup>29</sup> Manje nanku lapho, mhlawumbe, abantu bengacabanga ukuthi angihloniphi futhi ngizama ukunganaki abazalwane. Anginjalo! UNkulunkulu nguMahluleli wami, anginjalo. Bona? Ngizama ukutshengisa enye into eliQiniso. Bona? Sesikhethe abakhokheli, bamadoda, kulokukhokhela, abakhokheli, ukukhokhela kukaMoya oNgcwele. Sifune abantu basabele ingxenye yethu futhi basikhokhele, inhlanganiso zesonto njengeMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, iLutheran, Church of Christ, iPentekhostali lezinhlanganiso zesonto ezitshiyeneyo, ukubeka inhlanganiso njengomzekeliso, futhi siyakulandela lokho. Kodwa thina si... .

<sup>30</sup> Akulandawo eBhayibhilini okumele senze okunjengalokho. Akula okulotshiweyo okukodwa koMbhalo, kulo lonke iBhayibhili likaNkulunkulu, lapho Ake wahlela ibandla

kumbe lapho Ake wakhuluma ngenhlanganiso, akula lendawo eyodwa eBhayibhili. Kodwa kuhlala kuphikisana lakho. Akafuni ukuthi sifanane njengezinto zomhlaba. Usifuna sibe ngabahlukileyo, sibekwe eceleni.

<sup>31</sup> Angitsho khathesi ukuba “lizanka,” njengoba sikubiza. Ngitsho ukuba ngabantu ababiziweyo, o, isizwe esibusisiweyo lesingcwele, siphila impilo ezingaphezu kwehlazo, sisenza, siziphatha njenga lokho Ayengakwenza, esebenza phakathi kwethu, ngoba singumsebenzi Wakhe, sadalelwa kuKhristu Jesu emisebenzini emihle.

<sup>32</sup> Khathesi, ngoLwesithathu ebusuku, abanengi benu lalingekho lapha ngoLwesithathu ebusuku, kodwa sangena phakathi e...Ngiyakholwa kuyindima 3 kumbe i...Hatshi, yindima 5.

...sibe ngabantwana, kumbe ukubekwa kwabantu...

<sup>33</sup> Ukuthi kanjani uNkulunkulu, ezama ukubeka abantu Bakhe. Futhi lapho uNkulunkulu ebeka oyedwa, khona-ke, o, ibandla lonke lifuna ukuba njengalowo, ukuba lohlobo olufanayo lwezinto, ukwenza izinto ezifanayo. Sibunjwe ngokwahlukileyo, senziwe ngokwahlukileyo, silemvelo eyahlukileyo, futhi sibekwe ezikhundleni ngokwahlukileyo, ilowo lalowo okomsebenzi owahlukileyo; mhlawumbe oyedwa okohlobo lomsebenzi omncinyane nje, omunye okomsebenzi omkhulu. Ngiyakholwa kwakunguDavida kumbe omunye wabaprofethi, ngiyakhohlwa manje, wathi, “Ngingabangcono ngibe yisigcabha somnyango eNdlini yeNkosi, kulokuba... ukuhlala emathenteni labab-...lababi.”

<sup>34</sup> Khathesi sizakuma okomzuzwana nje ekubekweni ubuntwana, indima 5, sizama ukwehla phansi ngalokho esingakwenelisa kukho. Kodwa khathesi khumbulani indikimba, yonke isekubekweni. Bangaki abakuzwisayo lokho? Masikuzwe likutsho ngelizwi elilodwa. Ukubeka [Ibandla lithi, “Ukubeka”—Mhl.] uMzimba [“uMzimba”] kaJesu Khristu [“kaJesu Khristu”] esikhundleni sawo [“esikhundleni sawo”] kuKhristu [“kuKhristu”] lapho uMoya oNgcwele [“lapho uMoya oNgcwele”] usikhokhela. [“usikhokhela.”] Nanko-ke, manje sesikutholile, bona. Esibeka esikhundleni sethu, iBhuku labaseEfesu lenza khona lokho.

<sup>35</sup> Futhi khangelani lumfundisi omkhulu, uPhawuli. Into yokuqala ayenzayo yikukhupha wonke umcabango wokuwa. Ukhuphe wonke umcabango wokuba “nguMkhristu lamuhla kusasa angisekho, futhi ngosuku olulandelayo uNkulunkulu uyangilahla futhi usuku olulandelayo sengiphendukile njalo.” Lowo ngumbhedo! Manje lokhu yi...IBhuku leli kalibhalelwanga imfundiso yokuvangela, intshumayelo zabavangeli. Asi...Angibambi lokhu enkundleni. Ngiyaletsa

lokhu ebandleni, ngoba uPhawuli wakubhalela abangwele, labo ababiziweyo futhi balondolozwa, futhi bagcwaliswa futhi babekwa eceleni, futhi bakuMoya oNgcwele, sebevele sebeseLizweni leKhenani. Uzama ukubatshela, into yokuqala, kukhuphe engqondweni yakho ukuthi uzalahleka futhi uzakwenza *lokhu*, futhi uyesaba *lokhu*. Ungesabi lutho, ngoba uzama ukukutshela lapho okhona, ukuthi ungubani, ukuthi ume kanjani.

<sup>36</sup> Manje, ungayenza izinto ngokungayisikho, futhi sikhathi sonke usenza loba yini okubi uzabhadalwa ngakho. Yebo, mnumzana, uzavuna lokho okuhlanyelayo! Kodwa lokho akula nto eyodwa yokwenza ngosindiso lwakho. Nxa uzelwe ngokoMoya kaNkulunkulu, uleMpilo elaPhakade futhi awusafi njengoNkulunkulu engafi. Uyingxenywe kaNkulunkulu, uyindodana kaNkulunkulu.

<sup>37</sup> Ngazalwa nginguBranham. Ungangipha elinye ibizo, elinye ibizo, kodwa akusoze kungenze ngisilele, ngilokhu nginguBranham. Ngazalwa nginguBranham, ngizahlala nginguBranham. Ngiza... Ngingalimala isimilo ngolunye usuku, ngibanjwe yi-arthritis, ngibhewuke futhi ngiklebhekile ngize ngikhangeleke njengenamazana, kodwa ngiyabe ngilokhu nginguBranham! Ngani? Igazi likaBranham lingaphakathi.

<sup>38</sup> Yikho lokho oyikho. Futhi ingqe kuphela uNkulunkulu ekwenzile... Manje khumbulani, angikhulumi kulabo abaphandle kukaKhristu. Ngikhuluma kulabo abakuKhristu. Ungena njani kuKhristu? “NgoMoya munye!” Uhlamvukhulu M-o-y-... okutsho ukuthi, “NgoMoya oNgcwele munye sibhaphathizwe sonke eMzimbeni munye.” Kanjani thina... Singena njani? Ngobhaphathizo lwamanzi? Angivumelani kanjani lani lina maBaptisti futhi lani lina maChurch of Christ. Hatshi ngobhaphathizo lwamanzi, ngitsho lakancane! AbeseKhorinte bokuQala 12, yathi, “NgoMoya munye, uMoya oNgcwele, siyaletswa kulowo Mzimba.” Futhi sivikelekile njengoMzimba lowo uvikelekile. UNkulunkulu u... wakuthembisa khona.

<sup>39</sup> EngaMehlulela kanjani uNkulunkulu njalo, lapho Waya eKhalvari? Esiya phezulu eGolgotha, Watshaywa, wachotshozwa, Wayengelakusilisa, Wayengelakukhuluma ngitsho ilizwi, lakancane. Ngoba ngani? Wayelezono zomhlaba Kuye. Hatshi ngenxa yokuthi Wayeyisoni, kodwa “Wenziwa isono” ngenxa yami langenxa yakho. Zonke izono zomhlaba kusukela kuAdamu kuze kube sekubuyeni Kwakhe, zahlala phezu kwamahlombe Akhe. Futhi uNkulunkulu wayengajezisi iNdodana Yakhe. Wayejezisa isono. Bona ukuthi kwakukubi okunganani? Wayesenza inhlawulo. Wayesenza indlela yokubaleka kulabo bonke uNkulunkulu, ngokwazi Kwakhe kwangaphambili, wayekwazi babezabuya. Sizangena kulokho kumizuzu emilutshwane.

40 Manje, khona-ke, lapho usu “ngoMoya munye sibhaphathizwe kulowo Mzimba, uMzimba munye, okunguKhristu,” futhi silondekile nini lanini.

41 Manje, yikho lapho okwenza sengathi akuzwisiseki, ikakhulu a—a—amakholwa esiArminian, ukuthi bona ba... kumele ukuthi benze enye into ukuze bafanele ngokwabo, kumbe enye into eyomvuzo. Kungaba kanjani ngezinto ezimbili ngasikhathi sinye? Kungaba khona ngomusa kumbe ngemisebenzi, okukodwa. Akungeke kube ngento yinye, kungezinto ezimbili ezehlukeneyo; kumele kube ngokukodwa. Kuyi...

42 Mina, minabo, angiboni olunye ulutho nje kodwa umusa kaNkulunkulu. Yikho ukwenziwa kwami. Ngihlezi ngikholwa emuseni. Ngingumusa nje ndawo yonke, yikho kuphela. Akusikho mina—mina...loba empilweni yami, lapho ngisengumfana, ngangingaboni lutho, umusa nje, umusa. Bathi, “Ngi—ngiza...Nwaya umhlane wami lami ngizanwaya owakho.” Awu, yisaga esibi. Kodwa angilandaba loba uyanwaya owami kumbe hatshi, nxa owakho ufuna ukunwaywa, ngizakunwaya kungenani. Bona, umusa. Yebo, mnumzana. Bona, umusa usebenza ngothando. Nxa uwufuna! Kungenani loba ungazange ungenzela ulutho, a—angila lutho olulodwa lokwenza ngawe, nxa ukufuna ngizakwenza kungenani. Umusa! Ngenxa yokuthi uyakufuna!

43 Ngangifuna ukusindiswa. Kwakungela lutho olwalungangisindisa. Kwakungelalutho engangingalwenza ngokwami, ngangingeke ngizisindise ukwedlula olunye ulutho. Kodwa ngangifuna ukusindiswa, ngoba ngikholwa kuNkulunkulu. Futhi uNkulunkulu wathumela iNdodana Yakhe, eyenzwe emfanekisweni wenyama elesono, ukuhlupheka endaweni yami, futhi ngasindiswa, ngomusa kuphela ngasindiswa. Akula nto eyodwa engangingayenza, kumbe wena ongayenza, ukuzisindisa. Futhi lalabo Abazi ngaphambili umhlaba ungakasekelwa...

44 Besikukho, ngoLwesithathu olwedluleyo. Safanekisa uNkulunkulu kuElah, Elohim Wakhe, futhi satshengisa ukuthi Wayeziphilela yedwa. Kodwa phakathi Kwakhe kwakulobuBaba, phakathi Kwakhe kwakuyizimilo ezehlukeneyo, ezinje ngoMsindisi, ezinjengoMsilisi. Lokho konke kwakukuNkulunkulu, futhi uNkulunkulu wayeziphilela yedwa. Kodwa eyikuba WayenguMsindisi, WayenguBa... WayengelaNgilosi, Wayengela lutho. Kwakungelalutho kodwa yena ngoKwakhe. Wayeziphilela yedwa. Akula olunye ulutho olwalukhona kodwa uNkulunkulu.

45 Kodwa kuyikuba eNguNkulunkulu, khona-ke kufanele kubelene into yokuMkhonza ngoba Wayethanda ukukhonza. Futhi uBukhona Bakhe uQobo badala izidalwa ukuthi



ziMkhonze. Manje, okwesikhatshana, asikutshayeni njalo, okwesikhatshana manje, asisoze singene entweni yonke, kodwa lizakuthola kuthephu. Kodwa-ke ngenxa yokuthi WayenguNkulunkulu, Wenza iNgilosi, futhi iNgilosi zaMkhonza. INgilosi zilokhu ziMkhonza. Ngani, iNgilosi ezima ebuKhoneni bukaNkulunkulu zilayisithupha, amasethi empiko, impiko eziyisithupha. Zithwala amabili phezu kobuso Bazo, amabili phezu kwenyawo Zazo, futhi ziphaphe ngamabili ebuKhoneni Bakhe, zimemeza imini lobusuku, “Ngcwele, ngcwele, ngcwele, Nkosi Nkulunkulu Somandla.” Yikho lokho uMbhalo okutshoyo. ZaMkhonza, manje lokho kwadala eyinye into yokuMkhonza.

<sup>46</sup> Khona-ke phakathi Kwakhe kwaku lesifanekiso soMsindisi. Sasingenza kanjani esinye salezo ziDalwa, lapho kwakungela sono kumbe kungela micabango yesono, sasingalahleka njani esisodwa Sazo? Kwakungeke kwenzeke. Ngakho kwakumele kube leynye into eyenziweyo engalahleka, ukuze Abe nguMsindisi. Phakathi Kwakhe kwaku nguMsindisi. Liyakholwa ukuthi UnguMsindisi? [Ibandla lithi, “Ameni.”—Mhl.] Liyakholwa ukuthi UnguMsilisi? [“Ameni.”] Kodwa pho aluba kwaku ngelalutho lokusindisa kumbe ukusilisa? Bona, kwakufanele kube leynye into enziwe ngaleyo ndlela.

<sup>47</sup> Ngakho manje, Akazange akwenze ngaleyo ndlela, kodwa Wabeka umuntu ukuba azikhethela, “Nxá ungathatha *lokhu* uyaphila, nxá ungathatha *lokho* uyafa.” Futhi wonke umuntu oza emhlabeni ulokhu ebekwe entweni efanayo. UNkulunkulu, ngokwazi Kwakhe ngaphambili, wayekwazi owaye zakwenelisa lokuthi ngubani owaye ngasoze. Nxá uNkulunkulu engu. . .

<sup>48</sup> Umbuzo wabuzwa izolo ngesazi sezenkolo, kimi, obekade ebuya emihlanganweni kumbe esizwa ithephu, wathi, “Umbuzo owodwa!” Wathi, “Khona-ke uNkulunkulu ukhona ndawo zonke yini? Khona-ke,” wathi, “Engaba ndawo zonke?”

<sup>49</sup> Ngathi, “Akakho ndawo zonke ngendlela ibala elikhuluma ngalo ukhona ndawo zonke. Angeke abe ngoKhona futhi-ke abe khona ndawo zonke. Nxá Endawo zonke, kungani ukhulekela uMoya oNgcwele? Nxá Endawo zonke, Uyagcwalisa imikenke yonke, ingonsi, isifofo, isicucu sesakhiwo, ingxoxa, zonke ezinye izinto ezikhona.” Ngathi, “Kungani wazingela uMose, nxá Endawo zonke, endlini yezihambi? Kungani wagijima phezulu laphansi esivandeni seEdeni, ememeza, ‘Adamu, Adamu, ungaphe na?’ Nxá Endawo zonke?”

<sup>50</sup> Undawo zonke ngoba Wazi konke. Wazi izinto zonke ngoba Akala mkhawulo, ukungabi lamkhawulo kuMenza abendawo zonke. Endawo zonke, khona-ke, engelamkhawulo, khona-ke, Uhlala emaZulwini. Uhlala endaweni ngoba UnguBukhona.

<sup>51</sup> Kodwa, engelamkhawulo, khona-ke Uyazi izinto zonke. Esazi isikhathi sonke umiyane uwayiza ilihlo lawo. Wazi

ibungayezi, lapho okuhamba khona ehlangeni lwenyosi ukuthola uluju lwayo. Wazi inkonjane yonke ehlala esihlahleni. Wazi umcabango wonke osengqondweni yakho, ngoba Akalamkhawulo futhi uyakwazi konke. Lokho yikuthi, Akasuye kuphela Ongelamkhawulo, Wazi konke, Wazi izinto zonke. Kodwa unguBukhona, uNkulunkulu unguBukhona, futhi phakathi kobunguBukhona lobu kwaqala ukuletha lezi.

<sup>52</sup> Futhi isono, ngathi ngobunye ubusuku, isono asisiyo ndalo. Akula lutho olwadalwayo kodwa okupheleleyo. UNkulunkulu wadala izinto zonke kuhle. Isono kasisiyo ndalo. Bathi, “Awu, leyo yindalo uqobo yesono.” Selakuzwa lokho. Kodwa leyo yimpambeko. Isono... KuloMdali oyedwa kuphela, nguNkulunkulu. UNkulunkulu wayengeke adale isono, ngoba Ungwele futhi akula lutho Kuye ukusenza. Isono yimpambukiso; hatshi indalo, kodwa yimpambukiso. Ubufebe yisenzo esilungileyo siphambukisiwe. Amanga liqiniso likhulunywe ngokungayisikho. Loba yisiphi isono, loba yisiphi isono yikulunga kuphambukisiwe.

<sup>53</sup> Ngakho-ke manje, uNkulunkulu uhlezi. Usevele waZibonakalisa, UnguNkulunkulu. Usevele waZibonakalisa njengoMsindisi, umuntu wayelahlekile futhi Wabasindisa. Usevele waZibonakalisa njengoMsilisi. Akwenzi ngitsho lomehluko lokho abantu abathi Uyikho; futhi Uyikho, kungenani, kunjalo nje. UnguMsilisi, UnguMsindisi, UnguNkulunkulu, UngulaPhakade. Futhi Ulenjongo. Futhi injongo Yakhe yayiyikuba, ekuqaleni, ukwenza izidalwa ezazizaMthanda futhi ziMkhonze.

<sup>54</sup> Futhi Wenza izidalwa, futhi izidalwa zawa. Futhi-ke uNkulunkulu, ngokungabi lomkhawulo Kwakhe, wakhangelaphansi ngokuhamba kwesikhathi futhi wabona umuntu wonke owayezakusindiswa. Umuntu wonke, Wakwazi ngokw-...ngokwazi ngaphambili. Ngakho-ke nxa Yena, ngokwazi ngaphambili, wazi lowo owayezakusindiswa lalowo owayengasoze asindiswe, Wayengamisela ngaphambili. Ngakho, ibala kalisilo bala elibi kangako, linjalo na? Wayengamisela ngaphambili, ngoba Wayekwazi owayeza kwenelisa lowaye ngasoze enelise. Ngakho-ke, ukuze abambe labo ababezakwenelisa, Wayemele enze i—inhlawulo ngezono zabo. O, nxa singenelisa, sifuna ukungena kukho, indima ezinlutshwane nje ngaphansi. Wasimisela ngaphambili eMpilweni elaPhakade, esazi ukuthi labo ababezakubeka eceleni izinto zonke, futhi kungenani lokuthi kwaku zakhangeleka kungelamsebenzi okunganani phambi kwabantwana bomhlaba, kwakungasoze kutsho into eyodwa kubo, ngoba babengabantwana bakaNkulunkulu. Futhi wababiza.

<sup>55</sup> Futhi wathuma uJesu, ukuze iGazi Lakhe libe yinhlawulo, inhlawulo yeGazi, ukwenza inhlawulo, kumbe i—isamukelo, kumbe ukuhlanzwa. Indlela yokuhlanzwa kokuphela...

Hatshi kanye nje emvuselelweni eyodwa, kodwa “ephila kokuphela, esenza ukunxusela,” ukuze umKhristu agcinwe ehlanzekile imini lobusuku. KuleGazi likaJesu Khristu elenza i—isamukelo esiphambanweni lapho, e...ebuKhoneni bukaNkulunkulu, elisihlanzayo kokuphela, imini lobusuku, esonweni sonke. Futhi sithukuziwe phakathi salondolozwa. Sithukuzwe njani? NgoMoya oNgewele, eMzimbeni weNkosi uJesu, futhi salondolozeka. “Lo ozwa aMazwi aMi futhi akholwe Kuye Ongithumileyo, uleMpilo engapheliyo futhi akasoze abuye ekwahlulelweni, kodwa usedlulile ekufeni waya ekuPhileni.” Akusela ukwahlulelwa! UmKhristu akasoze aye ekwahlulelweni. UKhristu wamhambela. UMeli wami wama endaweni yami. Wangikhulumela icala lami, ukuthi ngangingakwazi. Watshela uBaba ukuthi ngangingafanelanga, ukuthi ngangingakwazi. Kodwa Wangithanda futhi Wathatha indawo yami, futhi wangikhulumela icala lami, futhi lamuhla ngikhulilekile! Yebo, mnumzana. Futhi wachitha iGazi Lakhe, ukunikela lapho ngezono zethu.

<sup>56</sup> Khumbulani ngoLwesithathu ebusuku obedluleyo, akula mKhristu... UmKhristu uyona, kodwa isoni asingeke sone. Isoni kasoni, ngoba uyisoni. Uyisoni nje kwasekuqaleni, futhi yikho kuphela. Lapha, thatha i—ingamuva yebhuku leli, imnyama, ngokunganani kwalokho okumnyama? Kumnyama konke. Akula nje okumhlophe kukho, kumnyama. Uthi, “*Lokhu* okungaka lapha.” Hatshi, akunjalo, into yonke imnyama. Kumnyama konke. Yiyo indlela isoni esiyikho. Ulahliwe nje kwasekuqaleni. Awu, wena uthi, “Pho aluba esenza ubufebe? Aluba ebamba omunye umfazi iganyavu? Aluba e—aluba etshova amakhasi? Aluba edubula omunye umuntu?” Lowo awusiwo msebenzi wethu. Lowo awusiwo msebenzi wethu, silemithetho phansi lapha ukunakekela lokho. Asisibo baguquli, singabatshumayeli beVangeli. Asimcali ngalokho akwenzileyo, asimcali ngokwenza ubufebe. Siyamcala ngoba uyisoni! Nxa enguMkhristu, angeke akwenze. Kunjalo. Nxa eseguquliwe, angeke akwenze lokho. Kodwa ngenxa yokuthi uyisoni, yikho okumenza enze lokho.

<sup>57</sup> Yikho lapho okukhupha khona i—isisekelo phandle kwabangaphansi bezomthetho. Yebo, mnumzana. Mfowethu, wothi ngikutshele, “Akusikho ngemisebenzi, kodwa ngomusa sisindisiwe, futhi lokho ngokholo.” Yebo, mnumzana. Manje angicali abazalwane bezomthetho, bangabafowethu. Futhi bazabe belapho ngokufanayo njengabanye babo bonke bazakube belapho, ngoba uNkulunkulu wamisela ngaphambili iBandla Lakhe ukubalapho. Kodwa into nje, li—liyagcina abantu bedabukile kakhulu, abakwazi ukuthi kuyini. “Lamuhla, awu, mhlawumbe nxa ngi—ngi...” Benze babekwazi nje; ingqe kuphela belendlala yomhlaba, abakho lapho kwasekuqaleni.

<sup>58</sup> Angiphili ngithembakele kumkami ngoba ngicabanga uzakwahlukana lami. Ngiphila ngithembekile kumkami ngoba ngiyamthanda. Kuyisikhundla somthetho esisithetheyo, ukuthi siyathandana. Okokuqala, singakabi lapho, kwakumele kubeluthando. Ngiyamthanda. Loba ngikholwa uba ngenze eyinye into embi, angangithethelela, loba kunjalo angingeke ngikwenze kungenani. Ngiyamthanda.

<sup>59</sup> Yiyo indlela okuyiyo ngoKhristu. Nxa ngi—nxa ngingaphila... Ngilamatshumi amanhlanu, nxa ngingaphila ukuba amatshumi ayisificamunwemunye kumbe ikhulu, ngibe leminyane iminyaka engamatshumi amanhlanu ukutshumayela; futhi ngingatshumayeli lasikhathi, ngihambe futhi ngihlale emfuleni, ngisindisiwe kungenani. UNkulunkulu wangisindisa ngomusa Wakhe, ngingenzanga lutho olufanele ukubongwa, engalwenzayo, kumbe enye into. Ngiyatshumayela ngoba ngiyaMthanda futhi ngiyabathanda abantu Bakhe. Futhi yiso isizatho ngisazi ukuthi ngidlulile ekufeni ngangena ekuPhileni, ngenxa yokuthi ngiyabathanda futhi ngiyabalandela. Kungelandaba yiluphi uhlobo lwesimo abakulo, ngiyabalandela kungenani. Hamba uyobathatha kungenani, badonse kungenani. Nxa abatshumayeli bengavumelani labanye bengavumelani, lenhlanganiso zesonto zingavumelani, lokho akungimisi. Kuleyinye into! Akuzange kumMise! Weza khona phakathi kokungakholwa, futhi akuzange kumMise, Waqhubeka esiya kungenani. Yikho lokho esikwenzayo, phuma phandle futhi sibathole, sibabambe kungenani. Kungelandaba, finyelela, bamba, bamba ngamandla akho onke. Awukwazi ukuthi bangobani. Basindise. Lokho kungenxa yothando. Hatshi ngoba “kufanele ngikwenze,” kodwa ngoba ngiyathanda, ngoba uyathanda.

<sup>60</sup> Uthi, “Ngifanele ngiye ukuqondisa lokhu lomfazi lowu, kodwa, ngiyalitshela khona manje, ngicabanga ngoba ngiyahamba ebandleni ngifanele ngihambe ngikuqondise.” Hatshi, nguwe ofanele uqonde, kuqala. Bona? Bona? Nxa ungelathando lukaNkulunkulu enhliziyweni yakho, okunye okuthize kukwenza ubekwazi ukuthi awulunganga, khona-ke uyahamba—khona-ke uyahamba uyekulungisisa loNkulunkulu. Khona-ke ubusukulungisisa lomakhelwane wakho.

<sup>61</sup> UJesu wafundisa into efanayo. Wathi, “Nxa usiza elathini, futhi kule... khumbula kulensolo ngomakhelwane kumbe umfowenu, hamba ukulungise laye, kuqala.”

<sup>62</sup> Manje, manje ezikhathini ezizabuya. Sibelakho ngoLwesithathu ebusuku, “ukubonakaliswa.” Siyakubamba njalo lamuhla ekuseni, e “ekubonakalisweni kwamadodana kaNkulunkulu.” Ngelinye ilizwi, uNkulunkulu ulindele. Futhi-ke esikhathini sokucina lapho sonke sisima phambi Kwakhe. Ingilosi zazingalahleka. Azisoze zikwazi ukuthi zikholise njani izibusiso njengathi sikwenza, azikaze zilahleke. Kodwa

ngiyakwazi lokho engivela kukho, ngiyalazi idwala lapho engaqetshulwa khona, isoni. Uyakwazi lapho owaqetshulwa khona. Manje lapho sesifunyanisiwe, khona-ke singama phambi kukaNkulunkulu. O, lusuku bani oluhle oluzakuba khona!

<sup>63</sup> Khona-ke ukubekwa ubuntwana, ukubeka. Manje, uNkulunkulu uyenza lokhu emsebenzini. Futhi manje nxa ngingaletha lokhu kini, manje-ke sizaqalisa ngendima 5, ngifuna ukuYibala.

*Wasimisela ngaphambili ukuba sibe ngabantwana  
kuye ngoJesu Khristu, njengalokhu kwaba kuhle kuye  
ngentando Yakhe uQobo,*

<sup>64</sup> Kuyintokozo kuNkulunkulu ukwenza intando Yakhe, ebeka ubuntwana, ebeka. Manje Kuyini Akwenzayo? Ubeka iBandla Lakhe. Kuqala, Ubize ibandla Lakhe, iMethodisti, iPresbyterian, iLutheran, iBaptisti, ebabiza. Khona-ke kuyini Akwenzileyo? Wathumela uMoya oNgcwele futhi wabapha ubhaphathizo lukaMoya oNgcwele.

<sup>65</sup> Ngifuna lina bantu bePhentekosti likukhuphe lokhu phandle kwenhliziyo zenu. IPhentekosti kayisiyo nhlanganiso yesonto; iphentekosti yisehlakalo. NguMoya oNgcwele. Kayisiyo nhlanganiso. Awungeke wenze uMoya oNgcwele inhlanganiso. Angeke akumele. Manje lilenhlanganiso eliyibiza ngalokho, kodwa uMoya oNgcwele uyaziphumela khona phandle futhi akuyekele uhlale lapho okhona, futhi aqhubeke nje ehamba. Bona? IPhentekosti kayisiyo nhlanganiso; iphentekosti yisehlakalo.

<sup>66</sup> Futhi-ke uNkulunkulu wanika abantwana Bakhe ukuZalwa kakutsha, ngobhaphathizo lukaMoya oNgcwele. Beza khona eduze Lakho lapho bezihlanza, ngeNazarene, Pilgrim Holiness. Khona-ke kweza esehlakalweni sephentekhosti, kumbe ubhaphathizo lukaMoya oNgcwele, ukubuyiselwa kwezipho. Baqhubeka bekhuluma ngendimi futhi bechasisa indimi, futhi baphiwa izipho zokusilisa lezimanga, lezibonakaliso lezimanga zaqala ukubaphelekezela. Manje bangabantwana, bangabantwana bakaNkulunkulu. Basesikhundleni sabo kuKhristu. Babangabantwana ngokuZalwa. Futhi ukuZalwa okutsha futhi lokuphenduka ngoKwakho nguMoya oNgcwele.

<sup>67</sup> Awukaguquki uze uthole uMoya oNgcwele. Yikho lokho okwatshiwo nguMbhalo. UJesu watshela uPhetro, buza loba ngubani, bala uMbhalo wakho, walungisiswa ngokukholwa eNkosini uJesu, waba ngumlandeli, umpostoli. UJesu wamnika amakhiye oMbuso. Futhi uJohane 17:17, Wabangcwelisa, wabanika amandla, wabathumela phandle, baxotsha odelveli lezinto, wabangcwelisa. “Bangcwelise, Baba, ngeQiniso Lakho. ILizwi Lakho liliQiniso. NgiyaZingcwelisa ngenxa yabo.”

<sup>68</sup> Lelo ngelinye lamazwi amanandi engake ngawezwa. “Baba, NgiyaZingcwelisa ngenxa yabo.” Liyakwazi Wayelelungelo

lokuba lekhaya? Wayengumuntu. Liyakwazi kungani Wayelelungelo ukuba lomfazi? WayenguMuntu. Wayelelungelo ezintweni zonke lezi, kodwa Wathi, “Baba, NgiyaZingwelisa ngenxa yabo. NgiyaZingwelisa.”

<sup>69</sup> Ngakhuluma lomtshumayeli omncane izolo, ngizamtshumayelela ubusuku obulutshwane obuzayo phezulu lapha emgwaqweni omkhulu. Futhi ngambuza ngento ethile, wathi, “Yebo, Mfowethu Branham, kodwa inengi labantu bami abakukholwa lokho.”

Ngathi, “Inengi labo bonke ngabomthetho?”

<sup>70</sup> “Yebo.” UMfowethu akakukholwa lokho. “Kodwa,” wathi, “ngenxa yabo!” O, ngangifuna ukumsingatha intamo yakhe. “Ngenxa yabo, bona, Ngiyazingwelisa ngenxa yabo.”

<sup>71</sup> O, uJesu wayefundisa amadoda alitshumi lambili, ukuthi ngalawomadoda alitshumi lambili babe zahambisa iVangeli emhlabeni. Futhi Wathi, “Ngenxa yabo NgiyaZingwelisa.” Zenze ngenxa kamakhelwane wakho, ngenxa yomunye umuntu. “Ungasebenzisi inkululeko yakho ibe lizaba,” watsho uPhawuli, “kodwa zingwelise!” Ziphathe kahle esigabeni, njengomKhristu oqotho afanele akwenze. Makuthi inkulumo zenu zibe, nxa ungahlangana lesitha sakho, zingwelise ngenxa yakhe, ungakwazi lokho ongakwenza.

<sup>72</sup> Manje ukubeka indodana. Into yokuqala emva kwendodana isikhona, waba yindodana, kodwa-ke siyathola ukuziphatha kwakhe yikho okwamfaka ukuba abekwe ubuntwana, loba uziphathe kühle kumbe hatshi.

<sup>73</sup> Futhi kuyi—yiphentekostali... Manje ngivumele ngilitshengise nje ukuthi iPhentekosti, kayisiyo nhlanganiso yesonto. Mangaki amaBaptisti phakathi lapha ababengamaBaptisti, abamukela uMoya oNgwele, kasiboneni izandla zenu. Bona? Mangaki amaMethodisti abaphakathi lapha abamukela uMoya oNgwele, phakamisani izandla zenu. Mangaki amaNazarene phakathi lapha abamukela uMoya oNgwele, phakamisani izandla zenu. AmaPresbyteriana, abemukela uMoya oNgwele? Bona? AmaLutheran? Ezinye inhlanganiso zesonto, labo ababengasibo bePhentekhosti lakancane, ababengabezinye inhlanganiso zesonto nje, abemukela uMoya oNgwele, masibone isandla sakho. Bona? Ngakho-ke iPhentekhosti kayisiyo nhlanganiso yesonto, yisehlakalo.

<sup>74</sup> Manje, uNkulunkulu wakungenisa eMzimbeni kaKhristu. Manje kuyini Akwenzayo? Emva kokuzifakaza, wazingwelisa ngokuziphatha kwakho okuhle, walalela uMoya oNgwele, kungenani lokuthi umhlaba uthini.

<sup>75</sup> Ngi—ngizakhuhla lokhu kalukhuni sibili, bona, ngoba... Angikutsho ngokuba lukhuni. Ngi—ngi... ngicela lingenzi—lingenzi—lingenzi sibili, bona. Ungacabangi sibili ukuthi

mina ngi—ngilolunya. A—angifuni ukubanjalo. Lokho okungikhathazayo, yikuthatha abantu futhi ngitshumayeke kibo leliQiniso elithunyelwe nguNkulunkulu, futhi bazabuyela khona emuva futhi baqhubeke besenza into efanayo, futhi bathi baloMoya oNgcwele. Lokho nje kuphosa kukone, bona. Luyini uhlupho? Bayaphenduka khona ngemuva entweni efanayo, njengabantwana nje bakoIsrayeli, babefuna inkosi ukuze linkosi ibuse phezu kwabo futhi ibenze benze njengamaAmori lamaAmaleki lamaFilistiya.

<sup>76</sup> Liyakwazi, maninakazi, ukuthi akulunganga ukugqoka amabhulugwe? Liyakwazi lokho na? Liyakwazi ukuthi kakulunganga ukuquma amaxha enwele zenu? Uyakwazi ukuthi kakulunganga, mnumzana, kuwe ukuqhubeka ubhema futhi wenze ngendlela owenza ngayo? Uyakwazi ukuthi kakulunganga kuwe ukungabi yindoda yendlu yakho, umkakho uba lesavuko solaka oluncinyane futhi akukhahlelele phandle komnyango futhi uthi, “Yebo, busisa inhliziyo yakho, sithandwa, ngizaphenduka khona njalo”? Uyakwazi wena... Ungaba kanjani umgcini eNdlini kaNkulunkulu lapho ungakwanisi lokubusa indlu yakho? Kunjalo sibili. Uyakwazi, dade, ukuthi indoda yakho akasindoda yakho kuphela, kodwa ungumbusi wakho? UNkulunkulu watsho njalo. Ngenxa yokuthi indoda ayikhohliswanga, umfazi wakhohliswa. Futhi lani batshumayeli lizaqhubeka lisenza abelusi besifazane labatshumayeli emabandleni enu, lisazi ukuthi iLizwi likaNkulunkulu alikuvumeli.

<sup>77</sup> Liyaqhubeka lisebenzisa ibizo lelo “Baba, Ndodana loMoya oNgcwele” ukubhaphathiza, lapho kungela ngitsho loMbhalo owodwa wakho eBhayibhilini. Ngifuna ubhishopi omkhulu kumbe omunye umuntu ukuthi angitshengise lapho loba ngubani eBhayibhilini owake wabhaphathizwa ebizweni lika “Baba, Ndodana, Moya oNgcwele.” Ngifuna omunye umuntu angitshengise loba ngubani owake wabhaphathizwa ngenye indlela ngaphandle kweBizo likaJesu. Kodwa okaJohane awuzange... ubhaphathize, babhaphathizwa bekhohliswa ukuthi Wayesiza, kodwa babengazi ukuthi Wayengubani. Kodwa masinyane nje lapho bekubona lokho, babuya ukubhaphathizwa kakutsha eBizweni likaJesu Khristu. Ngifuna omunye umuntu uku... Nga—ngabuza amaAssemblies of God, abanye abatshumayeli, amaBaptisti, Presbyterian, lezinto zonke. Abasoze, abasoze bakhulume ngakho. Ngifuna ukubona uMbhalo.

<sup>78</sup> Futhi-ke ngingu “mdlulisi wamalawulo,” huh, khona-ke “ngiyahlanya,” ngiphambene ingqondo, ngiyi “ndoda ehlanayo,” ngoba nje ngizama ukulitshela iQiniso? Manje, lokhu—lokhu yikuthembeka, bazalwane. Nxa umuntu ethengiselwe kuNkulunkulu, uzithengise uphini lombhobho,

indlebe yombhobho, lomphongolo. U—u—u—usu—usubekwe eceleni, uyi—uyisidalwa esahlukileyo.

<sup>79</sup> Banengi abiziweyo, balutshwane abakhethiweyo. Yebo, abantu abanengi babiziwe, uyathola ukubizwa enhliziyweni yakho, “Yebo, ngiyakholwa uNkulunkulu uyangithanda. Ngiyakholwa Uyakwenza.”

